

## Isihlalo sabakhubazekile


| Ithemu 3 | ikhasi |
|---|---|
| 33 Imidlalo engaphephile (1) | 2 |
| 34 Imidlalo engaphephile (2) | 4 |
| 35 Ukusebenzisa amatekisi nezitimela ngokuphepha | 6 |
| Izimpawu ezisixwayisa ngengozi | 7 |
| 36 Kuyini ukungcola? | 8 |
| 37 Izinhlobo ezahlukene zokungcola | 10 |
| 38 Imiphumela yokungcola | 12 |
| Okunye okuningi ngokungcola | 13 |
| 39 Abantu ababephila emandulo | 14 |
| 40 Abantu ababephila emandulo | 16 |
| 41 Abantwana emandulo? | 18 |
| 42 Izinto ezazisetshenziswa emandulo | 20 |
| 43 Okunye okuningi ngezinto zasemandulo | 22 |
| 44 Ukukhokhela izinto | 24 |
| 45 Umhlaba uma uwubuka usemkhathini | 26 |
| Amaplanethi nokunye okusemkhathini | 27 |
| 46 Izinkanzezi | 28 |
| Amatheleskophu | 29 |
| 47 Ukutshuza emkhathini | 30 |
| Amasathelayithi | 31 |
| 48 Izinsuku ezibalulekile | 32 |

| Ithemu 4 | ikhasi |
|---|---|
| 49 Izitshalo- esikuthola ezitshalweni | 34 |
| 50 Izitshalo – Umoba ukhipha ushukela | 36 |
| 51 Umhlaba – esikuthola kuwo | 38 |
| 52 Umhlaba – Ubumba lukhipha izitini | 40 |
| 53 Izinhlekelele nokumele sikwenze | 42 |
| 54 Umlilo | 44 |
| 55 Umbani | 46 |
| 56 Isichotho nesivunguvungu | 48 |
| 57 Ukuzamazama komhlaba | 50 |
| 58 Izilwane ezisisizayo: Izilwane ezisisizayo | 52 |
| 59 Izilwane ezisinika ukudla/izingubo: Izinyosi | 54 |
| 60 Izilwane ezisinika ukudla/izingubo: Izinkukhu | 56 |
| 61 Izilwane ezisinika ukudla/izingubo: Izinkomo | 58 |
| 62 Izilwane ezisinika ukudla/izingubo: Izimvu | 60 |
| 63 Izilwane ezisisebenzelayo: Izinja | 62 |
| 64 Izilwane ezisisebenzelayo: Izimbongolo | 64 |










UNkk Angie Motshekga, uNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo



UDkt Reginah Mhaule, iSekela loMnyango weMfundo Eyisisekelo

*Lezi zincwadi zokusebenzela zenzelwe abantwana baseNingizimu Afrika ngaphansi kwesandla sikaNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo, uNkk Angie Motshekga, neSekela likaNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo, uDkt Reginah Mhaule.*

*Lezi zincwadi ezibizwa ngeRainbow Workbooks ziyingxenye yoMnyango weMfundo Eyisisekelo lapho uMnyango uzama khona ukungenelela ukuze kuthuthukiswe imfundo yabantwana bamabanga asuka kwelokuqala kuya kwelesithupha eNingizimu Afrika. UMnyango weZimali uxhase lo mkhankaso kaHulumeni njengento yokuqala uHulumeni azibekele yona ukuthi ayisukumele. Uxhaso loMnyango weZimali lusize uMnyango wezeMfundo ukuthi ukwazi ukukhiqiza uphinde usabalalise ngaphandle kwenkokhelo lezi zincwadi zokusebenzela ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika ezisemthethweni.*

*Sinethemba lokuthi othisha bazothanda basebenze kangcono ngazo lezi zincwadi ekufundiseni kwabo kwansuku zonke, baphinde bathole futhi isiqiniseko sokuthi abafundi babo bafundiswa konke abamelwe ukufundiswa khona njengoba kuvela kusilabhasi yabo. Sizamile ukuqiniseka ukuthi sifaka izithonjana (ama-icon) emisebenzini yokwenziwa ukuze uthisha akuthole kulula ukuyilandela nokuqonda ukuthi umfundi yini alindeleke ukuyenza.*

*Sinethemba futhi lokuthi abantwana uqobo lwabo bazokujabulela ukusebenzisa lezi zincwadi ekukhuleni kwabo bakhule nolwazi eziluqukethe, bese kuthi wena njengothisha wabo uthokoze kanye nabo ekugcineni.*

*Sifisela wena nomfundi omfundisayo impumelelo ngenkathi usebenzisa lezi zincwadi.*


Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Pretoria
South Africa



© Department of Basic Education



Fourteenth edition 2024

ISBN 978-1-4315-0288-2



The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

**This book may not be sold.**

# Imidlalo engaphephile



**Masifunde**

Umuntu uyakhululeka uma esendaweni ephephile njengasekilasini lakhe. Yizindawo lezi oyaye ufise ukubuyela kuzo ngoba uzizwa uphephile uma ukuzo. Akekho umuntu ongakulimaza uma ulapho.


Indawo ethathwa njengephephile emphakathini yileyo eyenza abantu bonke bakhululeke uma befika kuyo. Wonke umuntu uyazi ukuthi ngeke alimale uma elapho.

"Ukuphepha komphakathi" ngamazwi asho ukuthi wonke umuntu unelungelo lokuhlala ephephile uma esendaweni esetshenziswa wumphakathi njengasezitimeleni, ematekisini kanye nasezindaweni zokubhukuda.

**Masikhulume** **Buka lezi zithombe bese uxoxa nomngani wakho ngazo.**

**Xoxa nomngani wakho ngezizathu ezenza kube yingozi ukudlalela ezindaweni ezingaphephile.**












ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 2 2019/07/01 11:41:05

Usuku: .................................

**Masibhale**

**Ingane engakwesokudla esithombeni kufanele ikhethe. Yisize ukugcwalisa amabhamuza enkulumo.**







**Masikhulume**

**Xoxani ngale mibuzo eklasini:**

- Zinto zini ezingaba yingozi umuntu angazithola endaweni kadoti?
- Kungani abantwana bethanda ukudlalela ezindlini ezindala?
- Ngubani ongangena engozini uma abantwana bedlalela emgwaqweni ophithizelayo?
- Uyingozi kangakanani ugesi?
- Yiziphi izimpawu ezisixwayisa ngokudlala kujantshi wesitimela?
- Yiziphi izingozi zoketshezi olufana nopharafini?

**Masibhale**


**Khetha isithombe esisodwa ekhasini lesi-2 bese ubhala izimpendulo zale mibuzo.**

- Sizama ukuthini kuwena lesi sithombe?

________________________________________

- Ungabona kanjani ukuthi akuphephile ukudlalela lapha?

________________________________________






ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 3
2019/07/01 11:41:07

# 34 Imidlalo engaphephile (2)






Buka lezi zithombe.
Khetha esithombeni izihloko ezimbili ozobhala ngazo bese ukhetha umushwana owodwa kwelandelayo ozowubhala ngaphansi kwaleso naleso sithombe:

Upharafini ungagqamuka amalangabi esandleni somuntu.

Abantwana bebengafa nokufa uma bephuze ushevu.

Bebengafa abantwana ngoba bebengeke bakwazi ukuphefumula.

Ingane ingabanjwa wugesi.

Ungawusebenzisi ugesi uma useduze kwamanzi.

Amanzi abilayo kanye nomhwamuko kungayishisa ingane.



Umushwana: ______________________________

______________________________



Umushwana: ______________________________

______________________________



Umushwana: ______________________________

______________________________



Umushwana: ______________________________

______________________________



Umushwana: ______________________________

______________________________



Umushwana: ______________________________

______________________________



ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 4 2019/07/01 11:41:10

Usuku: ..............................



### Masenzeni lokhu

Dweba isithombe sakho nabangani bakho nidlala epaki lapho kuphephe khona. Nizodlalani? Cabanga izinto ezinjengokudlala ujika. Sebenzisa ipeni lekhokhi noma ipensela ukuqala umdwebo wesithombe sakho. Emva kwalokho faka imibala usebenzisa amakhilayoni.



### Masiphumele ngaphandle



Zifudumeze: Nyakazisa izitho zakho ezahlukene zomzimba ngesikhathi esisodwa. Isibonelo, phenduphendula ngasikhathi sinye izihlakala nedanda noma namahlombe kanye namaqakala.

Okumele ukwenziwa: Ukuvika ukuwa

- Hamba ngamazonzwane bese futhi uhamba ngezithende.
- Khasa/gaqa ngezandla nangamadolo.
- Zama ukuhamba phezu kwentambo uya phambili bese uphinda emuva.
- Zama ukwenza lokhu uvale amehlo.
- Yima ngekhanda, ume ngezandla bese uhlala isithanga.

Zipholise: Zelule kancane kancane. Uma kuvuma, thola umculo okhalela phansi opholile.







ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 5
2019/07/01 11:41:11

# Ukusebenzisa amatekisi nezitimela ngokuphepha

Masenzeni lokhu

Bhala izinombolo ezithombeni ngalokho okwenzeka kuVusi ukutshengisa ukulandelana okufanele.






Masikhulume

Buka lezi zithombe zikaVusi futhi bese uxoxa nomngani wakho ngazo.

- Le ngozi yenziwa yiphutha likabani?
- Yini okungabe bayenza oVusi benonina?


Masikhulume

Bheka izithombe ezilandelayo bese uxoxa nomngani wakho ngazo. Yini eyenziwa yilaba abantu engalungile?

Masibhale

Bhala isihloko sesithombe ngasinye usho ukuthi yini okungafanele yenziwe yilaba bagibeli.






ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 6 2019/07/01 11:41:13

Usuku: ..............................

# Izimpawu ezisixwayisa ngengozi



Masifunde



Izimpawu ezisemigwaqweni nakojantshi zibekelwe ukuvikela thina.

Ezinye zibekelwe ukuthi siphephe. Zisixwayisa ngengozi.

Izimpawu zokuqwashisa emgwaqweni zivame ukuba nomugqa obomvu ozizungezile.

Ezinye izimpawu zisitshela ukuthi kumele siziphathe kanjani uma sisendaweni enezimoto noma zisinike ulwazi.



Masenzeni lokhu

**Ukujikijela izinto ngefasitela lesitimela kungalimaza abantu noma izilwane ngenkathi isitimela sidlula kuzo. Yenza uphawu oluxwayisa abantu ukuthi bangajikijeli izinto ngefasitela lesitimela.**






Masenzeni lokhu

Buka lezi zithombe. Bese usika izimpawu ekhasini lezinto ezisikwayo ngasemuva kule ncwadi uzinamathisele phezu kwezithombe ezifanele.



Khombisa uthisha uma sewuqedile.








ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 7 2019/07/01 11:41:19

# Kuyini ukungcola?

Masikhulume

Buka isithombe bese uxoxa nomngani wakho ngaso. Ngabe ikhona into ekulesi sithombe owake wayibona ngaphambili? Yiziphi izinto ezisesithombeni ezibukeka zingafanele noma ezimbi kuwe? Kungani zibukeka zingafanele?



Masifunde

## Kuyini ukungcola?



Ukungcola kulimaza thina nezilwane kanye nezitshalo. Kuyagulisa, bese izinto zingakwazi ukukhula, mhlawumbe zife. Phezu kwalokho, ukungcola kwenza izindawo zethu zibe zimbi.

Ukungcola kwenzeka uma singcolisa umhlaba wethu. Sisuke singcolisa umoya, amanzi kanye nenhlabathi. Umoya, amanzi kanye nelanga kusiza ukulwa nokungcola. Ukungcola kuba kubi uma singcolisa umhlaba ngendlela yokuthi ungakwazi ukuzihlanza wona ngokwawo.


ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 8 2019/07/01 11:41:23

Usuku: ................................





**Masenzeni lokhu** **Yakhani iqembu labahamba ngabahlanu.**

Uthisha wenu uzonika iqembu ngalinye isihloko elizosicwaninga. Amalunga amane eqembu ngalinye azobheka izibonelo zokungcola komhlaba emagcekeni esikole. Ilunga lesihlanu kufanele libhale phansi konke okutholwa yiqembu. Oyedwa kumele enze ithebhula abhale izinto abeke uphawu (✓) eduze kwento ngayinye etholakalayo. Uma seniwuqedile lo msebenzi, uthisha wenu uzokwenza iqoqa lezinto enizitholile. Ahlanzeke kangakanani amagceke esikole sakho?

Ukhumbule ukugeza izandla uma usuqedile.



**Masibhale** **Bhala phansi izinhlobo ezi-5 zikadoti ezitholakele emagcekeni esikole.**



| | |
|---|---|
| 1. | |
| 2. | |
| 3. | |
| 4. | |
| 5. | |

Beka uphawu (✓) eduze kukadoti osenokusetshenziswa kabusha. Beka uphawu (✗) eceleni kukadoti ongayingozi ezilwaneni.





**Masikhulume** Yakhani iqembu labahamba ngasikhombisa.

Uzolingisa izinto ezahlukene: umhlaba, amanzi, inhlabathi, umoya, isitshalo, isilwane kanye nomuntu. Abalingisi abayisithupha bokuqala kufanele batshele umuntu ngalokho okwenziwa ukungcola komhlaba kubo. Umuntu kufanele aphendule bonke abalingiswa ngamunye ngamunye. Kufanele nonke nithathe isinqumo sokuthi kufanele kwenziwe ini ngalesi simo. Uma sewuzilungiselele ngokwanele, sewungalingisa uphambi kwekilasi lakho.






ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 9 2019/07/01 11:41:25

# Kuyini ukungcola?

Masifunde

## Ukunukubezeka komoya


Izimoto, amafemu nezinto ezishiswayo emakhaya yizona zinto ezibanga ukungcola kwemvelo eKapa.

Uma singcolisa umoya ungangenwa nawushevu. Siwungcolisa ngokushisa amalahle amaningi, udizili, uphethiloli, igesi kanye nezinkuni. Intuthu yalokhu inamagesi angaphephile avame ukukhuphukela emoyeni.

Umoya ubuye ungcoliswe izintuli kanye nesihlabathi esivela ezindaweni eziwubhuqu kanye nempova , igesi kanye nezinkuni. Izihlahla ziyasiza ukususa igesi elinoshevu emoyeni bese zifaka i-oksijini ehlanzekile emoyeni. Uma sigawula izihlahla eziningi, igesi enoshevu iqhubeka nokuhlala emoyeni bese kuya i-oksijini encane emoyeni. Phezu kwalokho, siyawulimaza umoya uma sigenca izihlahla eziningi. Izihlahla zinekhono lokwehlisa izinga likashevu emoyeni ngokudedela i-oksijini eningi iye emoyeni. Ukuphefumula umoya ongcolile kwandisa izifo zamaphaphu. Kunamazwe lapha emhlabeni lapho abantu kufanele bagqoke imaskhi ebusweni uma bephumela ngaphandle, ngoba umoya ungcole kakhulu ukuthi bangawuphefumula.



Ukungcola komoya kuphinda kone umoya wonke nje, kanti lo moya uvikele impilo ekhona emhlabeni emisebeni yelanga engaphephile kangako. I-esidi uma iningi emoyeni, iphuma emafemini, ingenza imvula ibe ne-esidi, bese kulimala izitshalo nezakhiwo.



ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 10 2019/07/01 11:41:27

Usuku:

## Ukungcola kwenhlabathi

Inhlabathi ingcola uma sifaka izinto ezinamakhemikhali amaningi kuyo. Ukunukubezeka kwenhlabathi kwenziwa nayizinto ezilahlwa ngamafemu nezimayini. Udoti ovela emakhaya, ezikoleni, ezibhedlela kanye nasemahhovisi sivame ukuwugqiba enhlabathini. Lokhu kungcolisa inhlabathi. Inhlabathi engcolile ivame ukufaka ushevu emanzini le ngaphansi kwayo, bese kulimala ukudla kwabantu kanye nokwezilwane.






## Ukungcola kwamanzi


Ukungcola kwamanzi kwenzeka uma amanzi angaphansi kwenhlabathi kanye naphezulu, njengemifula namadamu, kuthola ushevu.

Lokhu kwenzeka uma amafemu ededela amanzi angcolile angene emfuleni. Kwenzeka futhi uma amapayipi avela ezindlini zangasese ededela amanzi ayongena emadamini, noma afinyelele emanzini angaphansi kwenhlabathi.






Amanzi angcolile abagulisa kakhulu abantu, izinhlanzi kanye nezinye izilwane. Izitshalo eziseduze nalawo manzi zingafa futhi.










## Ukubanga umsindo

Umsindo uzwakala kabi njengoba usuka emalolini amakhulu, ekuhutheni kwezimoto kanye namatekisi, imishini yamafemu, umculo ophakeme kanye nezinsimbi ezakha amabhilidi amakhulu.

Umsindo omkhulu ungakwenza ukuthi ulahlekelwe yinzwa yokulalela.






ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 11 2019/07/01 11:41:28

# 38 Imiphumela yokungcola




**Masikhulume** Buka lesi sithombe bese uxoxa nomngani wakho ngaso.





**Masibhale** Bangathini laba bantu nezilwane ngokungcola? Qedela lo musho ebhamuzeni ngalinye lenkulumo ngezansi.

"Ukungcola akungilungele ngoba …"
















**Masiphumele ngaphandle**

Tholani into eyindilinga enizodlala ngayo

Wena nomngani wakho shintshanani nihambe kule ndilinga, niqale ngokuhamba kuyo ngezinyawo bese nihamba ngezandla.

Bambani indilinga niyimise ukuze umngane agaqe aphume kuyo. Shintshanani ngalokhu.



ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 12 2019/07/01 11:41:32

Usuku: ...............................

# Okunye okuningi ngokungcola




Masenzeni lokhu

Usanda kucwaninga ukungcola esikoleni sakho. Uma kungukuthi udoti aniwucoshanga, wucosheni manje. Uthisha wakho uzokunika izikhwama zeplastiki namaglavu okuzivikela.

Yenza iphosta ezogqugqquzela abantu ukuthi basebenzise kabusha izinto esezisebenzile ukuze bavikele ukungcola.. Sebenzisa izimo ezisamdwebo bese wakha unqenqema oluzungeze iphosta yakho. Xoxela umngani wakho ngokwakheka kwephosta yakho ngokusebenzisa izindlela ezilandelayo:

- ukuphambana (kwemibala)
- ukulingana (ubukhulu/ubuncane)
- ukugcizelela (okugqamile)
- ukulinganisa (imibala nemigqa)








ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 13 2019/07/01 11:41:33

# Abantu ababephila emandulo

Masikhulume

Izinto esizenzayo kanye nendlela esizenza ngayo ziyashintsha ngokuhamba kwesikhathi. Buka lezi zithombe





Xoxa nomngani wakho ngalokho okushintshile. Cabanga ngezinhlobo zomsebenzi ezazenziwa ngabantu abasesithombeni sokuqala, kanye nalapho ababesebenza khona. Isishintshile yini imishini ababeyisebenzisa? Uma kunjalo yisho ukuthi ishintshe kanjani. Usola ukuthi babesebenzela kude kangakanani namakhaya? Buka isithombe esikwesokunxele ukhulume ngezinto ezifanayo. Kudla kuni ocabanga ukuthi babekudla? Babeya kanjani emsebenzini?

Masifunde

Emandulo abantu babehlala eduze kwezinto ababezidinga, isibonelo, ukudla namanzi. Namuhla siyazidinga lezo zinto, kodwa ubuchwepheshe bamanje busilethela ukudla, amanzi kanye nogesi lapho sikudinga khona.








ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 14 2019/07/01 11:41:37

Usuku: .................................

**Masibhale**

Nanku umlando wesikhathi ozowusebenzisa ngenkathi ufunda okunye ngabantu ababephila emandulo. Bhala igama lakho nosuku owazalwa ngalo emlandweni wesikhathi lwesikhathi.






ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 15 2019/07/01 11:41:41

# Abantu ababephila emandulo




Bhala manje amagama kanye nezinsuku zokuzalwa kwabazali bakho nabazali babo kulesi sihlahla namagatsha esizukulwane.

Uthisha wakho uzokucela ukuba ukhulume nabantu abadala ekhaya, noma umeme abantu abadala emphakathini ukuba bavakashele ikilasi lakho. Yimiphi imibuzo ongathanda ukubabuza yona ngempilo yabo?

Igama likamkhulu:

______________

Usuku azalwa ngalo:

__________________

Igama likagogo:

______________

Usuku azalwa ngalo:

__________________

Igama likamama:

______________

Usuku azalwa ngalo:

__________________

Igama likababa:

_________________

Usuku azalwa ngalo:

__________________

Igama lami:

______________

Usuku engazalwa ngalo:

__________________

Buza abazali bakho imibuzo emi-5 ngawokhokho bakho. Sebenzisa la magama emibuzweni yakho. Nini, kuphi, ini, ngani, kanjani.

| |
|---|
| |
| |
| |
| |
| |



ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 16 2019/07/01 11:41:41

Usuku: ..................................

## Masifunde

Uma uthisha engammemanga umuntu, sebenzisa indaba kaMnu Mazeka.

**Abafundi basesikoleni edolobheni elise-Karoo eGraaff-Reinet bamema uMnu Joli Mazeka ukuba afike esikoleni sabo bazoxoxa naye. Nansi indaba yakhe:**




Ngazalwa mhla ziyisi-7 kuJulayi 1922 epulazini lase-Gannaslaagte eKaroo. Ubaba wayesebenza epulazini. Umama wayesebenza ekhishini khona epulazini. Njalo ngoLwesihlanu sasiphiwa inyama ngumninipulazi bese siyipheka ngempelasonto ngokuthi sasingenazo izinto zokuyigcina ibanda. Ngaleyo ndlela sasingabi nayo inyama phakathi nesonto. Enye sasiyenza umqwayiba, ikakhulu uma umninipulazi edubule umgankla noma imbabala.

Sasipheka ukudla kwempuphu yommbila kanye nobhontshisi owomisiwe – sasikubiza ngomngqushu lokhu. Ubaba wayaye anikwe ufulawa ogaywe waba mahhadlahhadla ugaywa emshinini wokugaya e-Jansenville. Umama wayebhaka isinkwa asipheke ebhodweni elisindayo alibasele ngamalahle phandle, ngoba sasingenaso isitofu. Kunokudla engangikuthanda ayekwenza: amakhekhe agazingiwe okwakungamakhekhe abhakwe ngomlilo oshisayo. Wona-ke sasiwadla nosulubha wamadolofiya.



Ukudla okunoshukela kwakuba yinhlaka esasiyikha ezihlahleni zikagamthilini kanye nakwezinye ezinameva.






Uthisha:

Sayina:

Usuku:



ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 17 2019/07/01 11:41:48

# Abantwana emandulo





**Masibhale**

Buka zonke izinto ezisesithombeni bese usho ukuthi ezakudala noma ezamanje. Bhala "Eyamanje" (uma kungeyamanje) noma "Eyakudala" (uma kungeyakudala). Kubhale kulezi zithombe ezingezansi. Faka umbala ebhokisini "lakudala" lezithombe ocabanga ukuthi litshengisa izinto ezithandekayo zakudala. Sebenzisa umbala owuthanda kakhulu.

|  |  |  |  |
|---|---|---|---|
| | | | |
|  |  |  |  |
| | | | |






**Masenzeni lokhu** Yenza ifreyimu yesithombe.

**Okumele ukwenziwa nguthisha:**
Ziningi izindlela esingazisebenzisa ukugcina izinto zasemandulo. Eyokugcina izithombe ezindala kufreyimu.

**Nakhu ozokudinga:**

- Amashidi amabili oqwembe olunemibala
- Upende wamanzi oshubile omibalabala
- Izinhlobonhlobo zezinto esezike zasetshenziswa ukwenza amaphethini, isibonelo itolishi likakotini elidala, ukhokho, uphaphe, nezinhlobonhlobo zezivalo zamabhodlela.


1. Sika isikwele noma unxande oqwembeni wenze ifreyimu yesithombe.
2. Penda ingaphansi lalokho ofuna ukukusebenzisa ukwenza amaphethini.
3. Hlobisa ifreyimu yakho ngokunamathisela uqwembe oluhlotshiswe ngopende.
4. Uma ifreyimu seyomile, faka isithombe sikagogo wakho nomkhulu bese unika umama noma ubaba kube yisipho.




ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 18 2019/07/01 11:41:53

Usuku: ..............................

Masifunde

**UMnu Mazeka uvakashela isikole okwesibili. Uqhubeka nendaba yakhe.**



Sasingakwazi ukubona abanye abantu. Ubaba nomama babesebenza kanzima besebenza isikhathi eside. Babevakashela abantu basepulazini kuphela. Noma yiluphi uhambo lwaluhanjwa ngezinyawo. Umninipulazi wayesiboleka inqola yezinkabi uma sizoya lapho kugujwa khona usuku lomuntu lokuzalwa.

Ngangidlala nabantwana babanye abasebenzi basepulazini, sidlale usuku lonke. Sasithanda ukudlala ngamathambo, ubumba, sidlale ngembewu yezihlahla ezinameva, sijikijele amatshe edamini elaliseduze komfula. Udadewethu nabangani bakhe babeye bakhe onodoli ngobumba.

Ngaqala ukuba nezicathulo uma ngifinyelela eminyakeni eyi-12 ubudala – ubaba wazakha ngesikhumba esidala senkomo. Namanje ngisabukhumbula ubuhlungu engangibuzwa ngihlatshwa ngameva ezihlahla ngoba ngangihamba ngingafake zicathulo. Uma kunesithwathwa ngangifudumeza izinyawo ngokuzifaka ebulongweni benkomo obusebusha.





Masikhulume

**Xoxa nomngani wakho ngokuthi izingane zaziphila impilo emnandi yini emandulo.**

Ngabe kwakungcono yini ukuba yingane emandulo kunamanje? Kungani usho kanjalo? Cabanga ngezinto zamanje esikwazi ukwenza ngazo ezinye izinto masinya nakangcono.

Masiphumele ngaphandle
Yenzani lokhu ngamunye noma ngababili.

- Ukuma ngezandla
- Ukuma ngekhanda
- Ungqimphothwe
- Ukuqhubana sabhala






ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 19
2019/07/01 11:41:57

# Izinto ezazisetshenziswa emandulo

Masenzeni lokhu

Buka izithombe ezingakwesokunxele samathuluzi ayesetshenziswa emandulo. Ohlangothini lwesokudla, dweba uphinde usike izithombe zamathuluzi esiwasebenzisa esikhathini samanje.



Masikhulume





| A | B | C | D |
| --- | --- | --- | --- |
| Indlu eminyakeni engama-300 edlule | Indlu eminyakeni engama-200 edlule | Indlu eminyakeni eyi-150 edlule. | Indlu yanamuhla |

Zishintshe kangakanani izindlu ngokuhamba kweminyaka?
Zishintshiswe yini?
Kusetshenziswani ukwakha lezi zindlu?
Yiziphi izinto ozithola endlini D ezazingekho endlini A?



ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 20 2019/07/01 11:42:02

Usuku: ..................................




## Masenzeni lokhu

Usufundile ukuthi izindlu zishintshe futhi zathuthuka kanjani ngokuhamba kweminyaka. ENingizimu Afrika kunezindlu ezihlotshiswe kahle njengezindlu zakwaNdebele. Imihlobiso yazo idumile ngobuhle kanye nangobuchwepheshe bayo. Yenza sengathi ungumuntu wakwaNdebele, unikwe umsebenzi wokuhlobisa izindonga zomuzi ekhaya.

Nakhu ozokudinga:


- iphepha elinemibala
- imvulophi emhlophe
- isikele
- amakhilayoni
- okokunamathisela




1. Sika imvulophi wakhe umnyango namafasitela, njengoba ubona esibonelweni.
2. Yelula uhlangothi oluvulekayo lwemvulophi ukwenza uphahla.
3. Sebenzisa amaphethini, izimo kanye nemigqa ehambisana nemibala enhlobonhlobo ukuhlobisa indlu yakho.
4. Cela uthisha wakho ukuba akuchazele ukuthi kubaluleke ngani ukusebenzisa izimo namaphethini emidwebo.
5. Namathisela indlu yakho eshidini lephepha elinombala othile.
6. Sebenzisa izithombe ozithole ephephabhukwini ukuhlobisa indawo ezungezile.



## Masiphumele ngaphandle



- Yenza sengathi usaha ukhuni lokwakha indlu. Dudula udonse ngengalo yakho yesandla sokudla bese ushintshela esandleni sobunxele.
- Yima eduze komngani wakho.
- Yenza sengathi uyisihlahla. Yelula ingalo yakho uyise phezulu kwekhanda lakho. Fumbatha isibhakela wenze sengathi ubambe inomfi enamathele esihlahleni. Umngani wakho kufanele azame ukudonsa inomfi ngenkathi wena uyibambile.
- Lingisa ukugibela ibhayisikili. Lala phansi ngomhlane maqondana nomngani wakho. Gobisa amadolo akho bese uqondanisa izinyawo zakho nezomngani wakho. Qala ushove ibhayisikili ngemilenze yakho.






ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 21 2019/07/01 11:42:04

# Okunye okuningi ngezinto zasemandulo

## Masifunde

Kwase kuwusuku lwesithathu uMnu Mazeka esesikoleni. Indaba yakhe beyingakapheli:




Besinendawo enomlilo oshisa kakhulu lapho kwakushiselelwa khona amathuluzi aphulwe yinhlabathi elukhuni eseduze kwedamu. Kwakuye kwakhiwe insimbi yokugqokisa izinselo zehhashi, noma kwakhiwe amasondo enqola.

Kuthe uma ngineminyaka eyi-10 ubudala, kwafika isomiso esikhulu. Ukudla kwancipha. Sajabula uma kubuya imvula.


## Masenzeni lokhu

Yakha isiketekete.




**Nakhu ozokudinga:**

- Iphepha elimhlophe eliyisikwele
- Upende wamanzi omibalabala
- Ibhulashi lokupenda
- Irula, ipensela, isikele
- Okokunamathisela




1. Hlobisa iphepha lakho ngemibala eyahlukahlukene.
2. Goqa iphepha lakho libe wuhhafu.
3. Dweba imigqa ehlukene ngamasentimitha amathathu ephepheni.
4. Sika eceleni komugqa kodwa ungafiki ekugcineni.
5. Goqa iphepha ulivule, bese unamathisela amachopho amabili ndawonye.
6. Sebenzisa umucwi wephepha ukwenza isibambo phezulu.



ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 22 2019/07/01 11:42:05

Usuku: ..............................





Masikhulume


Buka isithombe esitshengisa impilo yasepulazini eminyakeni engama-200 edlule. Yisho ukuthi yini ekujabulisayo, ngabe yizimpahla zokugqoka, amathuluzi noma yizinto zokuthutha? Emva kwalokho xoxela uthisha wakho kanye nabafundi ukuthi benikhuluma ngani ninomngani wakho.



Masibhale

Qondanisa ukukhanya nesithombe esifanele. Bhala ngezansi kwesithombe igama lalapho kuvela khona ukukhanya.


| ithoshi | iglobhu | ikhandlela | ilambu lasekhanda |
|---|---|---|---|


1 


2 

3 


4 














ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 23
2019/07/01 11:42:09

# Ukukhokhela izinto



## Masibhale

Babezikhokhela kanjani izinto ababezidinga abantu? Sebenzisa amanye ala magama ukuqedela indaba yemali engezansi. Sinikeze izinhlamvu zokuqala zamagama ukukusiza.


| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| ukukhokhela | nogwayi | abazokudla | isiliva | ubuhlalu |
| ewuhlweza | igolide | ukushintshisana | izikhumba | imali |

Kudalo, abantu babengayisebenzisi imali ewu-__________________ nemali engamaphepha ukuk-__________________izinto.


Ngalezo zinsuku babesebenzisa ukus-__________________uma bethengiselana. Uma kwenzeka beba nog-__________________ omningi, kodwa bephelelwa abazo-________________, bebefuna umuntu abazomnika ubu- __________________ izinkomo nogwayi. Kamuva abantu baqala ukusebenzisa ig-__________________, nes-______________uma bethenga izinto. Namuhla sisebenzisa im- __________________ukukhokhela izinto.





## Masiphumele ngaphandle



- Beka into eyisiyingi enhlabathini noma udwebe iziyingi phansi.
- Uma uthisha wakho ethi gxuma, gxuma ungene eziyingini ngezinyawo zombili.
- Uma uthisha wakho ethi gxuma, gxuma ungene eziyingini ngonyawo olulodwa.
- Dlala ugxa. Sebenzisa ushoki ukudweba iziyingi phansi.



ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 24 2019/07/01 11:42:10

Usuku: ................................



**Masifunde** Nansi indlela uMnu Mazeka aphethe ngayo indaba yakhe ngosuku lokugcina enabafundi:

Sengimdala manje, ngithathe umhlalaphansi, ngise-Graaff-Reinet, nginesikhathi sonke sokucabanga ngempilo endala emnandi kodwa elukhuni. Ngifuna ukukhohlwa yizikhathi ezinzima nokho.

Ziguqukile izinto eziningi manje, kunogesi ovela kwa-Eskom, abantu banomakhalekhukhwini, indlu yasepulazini seyakhiwa kabusha seyifana nendlu yasedolobheni.


Zisenjalo kodwa ezinye izinto: amankankane asakhala kanjalo, asandizela phezulu kwedamu, kunomoya omusha ongangcolile, izingane zisadlala ngamathambo – kodwa sezinezimoto zocingo. Izimvu zisenjalo zikhala kanjalo, njalo ntambama izisebenzi zisathutha ubisi zisuka esibayeni zilusa endlini. Izimpungushe nezimpisi zisabulala izimvu namanje.



**Masikhulume**

Khulumani ekilasini ngezinto enicabanga ukuthi seziguqukile kusukela nazalwa.
Khulumani futhi ngezinto enicabanga ukuthi zisalokhu zinjalo kusukela eminyakeni eminingi eyadlula.









ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 25 2019/07/01 11:42:16

# 45 Umhlaba uma uwubuka usemkhathini

**Masifunde**

Umhlaba uyibhola elikhulu eliyindawo esihlala kuyo. Konke okuseceleni komhlaba sikubiza ngomkhathi. Siqale eminyakeni engama-50 eyedlule ukucwaninga umhlaba sisemkhathini.



Isithombe esihle somhlaba, ikhaya lethu silibuka emkhathini

Buka isithombe somhlaba wethu ngakwesokudla. Uyakwazi ukubona izwe, ulwandle kanye namafu. Khuluma nomngani wakho ngezingxenye zesithombe umtshengise izwe, ulwandle kanye namafu.

**Masenzeni lokhu**

Sebenzisa ibalazwe ukuthola izindawo ozibona esithombeni. Sebenzisa amakhrayoni ukufaka imibala ehlukahlukene ezingxenyeni ezahlukene zomhlaba.




Bhala phansi amagama alezi zingxenye zezwe.

______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________

**Masifunde**

Umhlaba unengubo ewumoya ewuzungezile. Lokhu sikubiza ngomkhathi. Uyawubona umkhathi esithombeni?



ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 26 2019/07/01 11:42:18

Usuku: ..................................

# Amaplanethi nokunye okusemkhathini


Masifunde

Umhlaba wembethe ugqinsi lomoya olungamakhilomitha angama-120.

Uma uhamba ibanga elingamakhilomitha angama-120 ushiya umhlaba, ufinyelela emkhathini.

Kulapho sithola khona omakhelwane bomhlaba wethu: eminye imihlaba nezinkanyezi.


Masikhulume

**Emkhathini akukho lusuku – kunobusuku kuphela. Xoxa nomngani wakho nisho ukuthi kungani kunjalo.**


Masifunde

Omakhelwane abaseduze kwethu emkhathini:


Ilanga: Lishisa kakhulu. Yibhola elakhiwe ngamagesi. Ngaphakathi kulo linamagesi ashisa ngendlela yokuthi "ayancibilika" anamathelane. Lokhu kubumbana yikhona okusinika ukukhanya, ukufudumala kanye namandla emhlabeni. Ilanga liyinkanyezi efana nezinye kulezi esizibona ebusuku. Ilanga liyinkanyezi ephakathi nomkhathi.

Amaplanethi: Ngamabhola amakhulu angamatshe anoketshezi ngaphakathi – afana nomhlaba. Amaplanethi angaba futhi ngamabhola anamagesi azungeza umhlaba nelanga. Sinamaplanethi ayisi-8 uma sibala nomhlaba.


Amamithiyo: Lezi yizingcezu zamatshe. Uma zithuke zingena emoyeni womhlaba ziyafudumala bese zishisa kakhulu. Lokhu kubanga ukuthi zicwebezele zikhona esibhakabhakeni bese sizibiza "ngezinkanyezi ezitshuzayo". Uma zifinyelela emhlabeni, sizibiza "ngamamithiyo".


Inyanga: Iyabanda, ifana nedwala elifile. Inothuli, ihamba izungeze umhlaba. Iyikota yomhlaba ngobukhulu.


Amakhomethi: Ngamabhola amakhulu ayigesi neqhwa, ahamba amabanga amade emkhathini. Ngesinye isikhathi adlula eduze nelanga.


Ilanga


Amaplanethi


Inyanga


Amamithiyo


Amakhomethi






ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 27
2019/07/01 11:42:20

# Izinkanyezi



Masibhale

Umhlaba wethu unomakhelwane abaningi abamangazayo emkhathini esiwubiza ngesola sistimu. Yimuphi umakhelwane othanda ukufunda okuningi ngaye? Bhala phansi lokho okukhethayo ngezansi. Lokhu okukhethile ukukhethiswe yiziphi izizathu ezimbili?

Iplanethi engiyikhethayo: ______________________________

Izizathu zami ezimbili: ______________________________

______________________________

______________________________



Masifunde

Uma sidlula kula maplanethi amancane siyawushiya umkhathi wethu. Sesisemkhathini ongaphandle. Nazi izinto ezitholakala kuwona:

Izinkanyezi: Lawa ngamabhola ashisa kakhulu akhiwe ngamagesi afana nawelanga, kodwa akude kakhulu kunathi. Kunezigidigidi zezinkanyezi esingeke size sikwazi ukuzibala nakanye. Zinobukhulu obungafani obuningi – ilanga lethu lona likhulu ngokulingene.



Lo mkhathi oseduze kwethu siwubiza ngeYunivesi. IYunivesi iyikho konke okudaliwe kepha kuncane esikwaziyo ngayo.
Ngabe ucabanga ukuthi zikhona yini ezinye izindawo ezifana nomhlaba wethu kwiyunivesi, lapho kunempilo khona?

Masenze
- Lalela iculo lesizwe LaseNingizimu Afrika elizodlalwa uthisha.
- Wena neqembu lakho qambani umdanso eningawudansela leli culo.
- Eqenjini lenu, qambani Iculo lohlobo "Iwe Rap" bese nilicula eklasini lenu.

Masidlale
- Uthisha wenu uzokwehlukanisa iklasi lenu amaqembu amabili. Dlalani ibhola lezinyawo labancane.






ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 28 2019/07/01 11:42:21


Usuku: ...................................

# Amatheleskophu




Yenza lo msebenzi ekhaya, uwenze kusebusuku, kungenamafu futhi esibhakabhakeni. Sebenzisa leli balazwe uzame ukuthola amaqoqo ezinkanyezi kulo. Beka uphawu (✓) ebalazweni elingezansi eduze kwazo zonke izinkanyezi ozibonayo.



Inyanga uma uyibuka ngetheleskophu




Abantu abafunda ngomkhathi babizwa ngama-astronoma. Basebenzisa amatheleskophu ukufunda izinkanyezi. Eminyakeni ezayo kunesiteshi esikhulu somsakazo esizokwakhiwa eduze kwase-Carnavon, e-Northern Cape. Namuhla sinetheleskophu ebona kude emkhathini, ekwazi ukusithumelela izithombe zezingxenye zomkhathi esingakwazi ukuzibona uma silapha emhlabeni wethu. Le theleskophu ibizwa nge-Hubble telescope, ithumela izithombe ezinhle ezithatha emkhathini. INingizimu Afrika yazakhela eyayo itheleskophu enkulu eyakhiwe eduze kwase-Sutherland, e-Northern Cape.






ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 29
2019/07/01 11:42:22

# Ukutshuza emkhathini

**Masifunde**


Laba ngabantu bokuqala abaya emkhathini.



Owomdabu wase-Russia owaziwa ngelikaYuri Gagarin, ngumuntu wokuqala ozungeze umhlaba wethu ngomkhumbimkhathi (12 Mbasa 1961)



U-Neil Armstrong waseMelika yena waba ngumuntu wokuqala ukubeka unyawo lwakhe enyangeni (20 Ntulikazi 1969).



U-Mark Shuttleworth waba ngowokuqala eNingizimu Afrika ukuzungeza umhlaba (Mbasa 2002).



U-Christa McAuliffe waba nguthisha wokuqala ukuba ngusosayensi wezinkanyezi, kodwa wafa kabuhlungu ngenkathi umkhumbimkhathi, i-Challenger, uqhuma (28 Masingana 1986).

Ubuwazi nje? Ukuthi uMandla Maseko waseSoshanguve eGauteng, waba ngowomdabu wokuqala waseNingizimu Afrika ukuvakashela emkhathini ngomkhumbi mkhathi uLynx IIShuttle ngonyaka we-2015.



**Masikhulume**

**Xoxa nomngani wakho ngeplanethi ofisa ukuyivakashela.**

Ungafinyelela kanjani kuleyo planethi?

Ngubani ongahamba naye, niphetheni?

Ufisa ukuhlala isikhathi esingakanani kuleyo planethi?






ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 30 2019/07/01 11:42:24

Usuku: ..................................

# Amasathelayithi

## Masifunde



Uthi bewazi ukuthi inyanga ihamba izungeze umhlaba? Into ehamba izungeze okuthile emkhathini ibizwa ngeSathelayithi (Satellite), ngakho-ke inyanga iyisathelayithi emhlabeni wethu.

Indlela yesathelayithi ibizwa ngokuthi yi-Obhithi. Kuningi-ke okuzishaya samasathelayithi okuthunyelwe emkhathini ngabantu basemhlabeni wethu. Okokuqala okuzishaya sasathelayithi kwathunyelwa emkhathini ngonyaka we-1957. Itheleskophu i-Hubble ingenye yamasathelayithi. INyuvesi yase-Stellenbosch iyona eyakha isathelayithi lokuqala eNingizimu Afrika elibizwa ngokuthi ngu-SunSat. Lahlonywa ngoNhlolanja we-1999. Kunezinhlobonhlobo zamasathelayithi. Ezinye izinhlobo zihlanganisa ulwazi ngomkhathi, ezinye zihlanganisa ulwazi ngesimo sezulu, kanti ezinye ngezokuxhumana ezithumela izithombe nolwazi kusuka emhlabeni kuya kuya kweminye. Isathelayithi elikhulu kunawo wonke liyisiteshi somhlaba wonke, lapho ososayensi benza khona ucwaningo.


## Masikhulume

**Xoxa ngale mibuzo nomngani wakho. Emva kwalokho tshela uthisha neklasi ukuthi ucabangani.**

- Izimoto eziningi zinamasathelayithi ananyathiselwa ezimotweni ukuze zingantshontshwa. Ngabe lokhu kusebenza kanjani?
- Ucabanga ukuthi lwazi luni olutholwa ngabalimi kumasathelayithi?
- Zikhona izindlela ezintsha ongazicabanga angasetshenziswa ngazo amasathelayithi?



Masiphumele ngaphandle
UThisha wakho uzokufundisa ukudlala ivolibholi kanye nomdlalo wekati negundwane.



Uthisha:
Sayina:
Usuku:



ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 31 2019/07/01 11:42:25

# Izinsuku ezibalulekile



## Masifunde

Ezinye zalezi zinsuku zenkolo ziba sezinyangeni ezahlukahlukene zonyaka. Thola imininingwane yokuthi zizoba nini, kuphi kulo nyaka bese ugcwalisa izinsuku zazo esikhaleni esinikeziwe.

**Amanothi kathisha:**
Okumele ukwenziwa nguthisha: Izinsuku zenkolo kanye nezinye ezibalulekile zidinga ukufundwa ngethemu yesithathu. Kumele usebenzise amahora amathathu ngethemu ukukhuluma ngalezi zinsuku. Lokho enizokwenza kuyoya nokuthi iklasi linabantwana bayiphi inkolo. Kumele niphinde nilandele inqubomgomo yesikole. Kunamaholidi amabili ahlonishwa yibo bonke abantu baseNingizimu Afrika.

**21 I-Ramadaan:** (kuya ngokuthi inyanga entsha seyibonakele yini) kuqala inyanga yeRamadan ngalolu suku – wusuku lwama-Islam. I-Ramadan yisikhathi sokuzila ukudla, kukhulekwe kufundwe I-Qur'an. Usuku: ______

**19 I-Eid-ul-Fitr:** (kuya nokuthi inyanga entsha seyibonakele yini futhi): I-Eid-ul-Fitr – umkhosi wama-Islam. Wumgubho othandekayo kodwa ojulile wokuzila ukudla inyanga yonke ogujwa uma iphela inyanga. Kudunyiswa uNkulunkulu kunakekelwe abampofu nabangane kuvakashelwe imindeni. Usuku: ______



**NgoNtulikazi noma ngoNcwaba:** I-Raksha Bandhan – ngumkhosi wama-Hindu. AmaHindu agubha ubuhlobo phakathi kwabantwana bandawonye bamantombazane nabafana. Intombazane ibopha umfowabo ngentambo okuthiwa yi-rakhi (intambo engcwele) esihlakaleni ukukhombisa uthando nomkhuleko ovela kudadewabo, umfowabo ethembise ukuvikela udadewabo impilo yakhe yonke.
Usuku: ______



**NgoNcwaba noma ngoMandulo:** I-Krishna Janmashthami – yifestivali yama-Hindu. Kugujwa ukuzalwa kuka-Krishna Janmashthami ngokuzila ukudla. U-Krishna ubalulekile enkolweni yamaHindu. Ngalolu suku abantwana bayaye badlale izinto ezenzeka empilweni ka-Krishna.
Usuku: ______



**NgoMandulo:** I-Pitr Paksha – wusuku lwamaHindu. AmaHindu ahlonipha amadlozi awo abizwa ngawo-"pitrs" ngokunikela ngokudla. Usuku: ______



ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 32 2019/07/01 11:42:26

NgoNtulikazi nangoNcwaba: Wusuku lwe-Tisha B'av – ezinsukwini zenkolo yamaJuda. Kuzilwa ukudla kulilelwe ukudilizwa kweThempeli Okokuqala noKwesibili eJerusalema, bese kuhlonishwa izinto ezehlakalela amaJuda ngalolu suku. Lolu suku lubizwa "ngosuku losizi olukhulu emlandweni wamaJuda".
Usuku:



NgoMandulo: I-Rosh Hashanah – usuku lwamaJuda nenkolo yawo. I-Rosh Hashanah wuNcibijane wamaJuda. Kudlalwa i-shofar kudliwe ukudla okuwuphawu olubalulekile njengama-aphula acwilwe ojwini ngokwethemba ukuthi abawadlile bazoba nempilo efana noju onyakeni omusha.
Usuku:

NgoMandulo nangoMfumfu: I-Yom Kippur – usuku lwamaJuda nenkolo yawo. Wusuku olungcwele kakhulu kumaJuda lolu oluza ezinsukwini eziyi-10 emva kweRosh Hashanah. Lubizwa futhi nge-"Day of Atonement". Usuku:




9 Ncwaba: USuku lwaMakhosikazi KuZwelonke – yiHolidi Lomphakathi. Ngomhla ziyi-9 kuNcwaba 1956, 20 000 wamakhosikazi abhikisha aya e-Union Building ePitoli ebhikishela "udompasi" wabantu abamnyama. Iqhaza elabanjwa ngabesifazane eNingizimu Afrika yilo eligujwa ngalolu suku.



1–7 Mandulo: ISonto le-National Arbor. Wonke umuntu uyagqugqugzelwa ukuthi atshale isihlahla.

8 Mandulo: Usuku lokuFunda eMhlabeni. Lolu suku lubalula ukubaluleka kokuthi abantu bafunde.



24 Mandulo: USuku lwaMagugu – YiHolidi loMphakathi. Bonke abantu baseNingizimu Afrika bayalugubha lolu suku ngokwamasiko abo ahlukahlukene.

Uthisha:
Sayina:
Usuku:



ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 33 2019/07/01 11:42:31

# Izitshalo – esikuthola ezitshalweni?

**Masifunde**

Umhlaba ugcwele izinto eziphilayo. Kunezilwane, ezifana nabantu, izimvu kanye nezinyoni, nezitshalo ezifana nommbila, izihlahla, iminyezane, ifangi kanye namaselesele.







Izitshalo zivame ukuba namagatsha, amakhasi, iziqu kanye nezimpande. Ziba nezimbali, izithelo nembewu. Eziningi zazo zinamakhasi aluhlaza.

**Masikhulume** Kuvelaphi ukudla kwethu?

Sewufundile ukuthi ukudla kwethu kuvelaphi. Zama ukuthola ukuthi yikuphi okukhumbulayo.

Bheka izithombe bese uxoxa nomngani wakho ngazo. Ekhasini elilandelayo kunohlu lokudla. Okubili kwakho akuphumi ezintweni ezisesithombeni. Yikuphi lokho okubili?






ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 34 2019/07/01 11:42:36

Usuku: ..............................

## Masifunde

Izitshalo zisipha izinhlobo eziningi zokudla. Yonke imifino, izithelo nokusanhlamvu kuvela ezitshalweni. Zisisiza ukuhlala siphila ngoba zinamavithamini, amaminerali, amaphroteni, amakhabhohayidrethi, uwoyela nefayibha. Ngisho ishokoledi ivela ezitshalweni ezisanhlamvu.

## Masibhale

**Bhala incwadi uyibhekise kulowo ovame ukukwenzela ukudla. Sebenzisa amagama avela ohlwini olusencwadini yakho:**

impuphu   iphalishi   ithanga   izambane   ibhotela   lamantongomane
isinkwa   ikhekhe   uletisi   isaladi   amapetshisi   ama-aphula   ikhabe

________________________________ othandekayo

Ngiyabonga ________________________________

Ngithanda ukudla ________________________________

Angithandi ukudla ________________________________

ngoba ________________________________.


Uzokwazi yini ukungenzela ________________________.

Ukudla okuvela ezitshalweni kuhle ngoba ______________.


## Masikhulume

**Buka lezi zithombe ukhulume nomngani ngokwakheka kwezitshalo.**

1


2


3


4


Uthisha:
Sayina:
Usuku:


ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 35    2019/07/01 11:42:39

# Izitshalo: Umoba usipha ushukela

## Masifunde

Ushukela uwukudla esikudingayo ukuze sihlale siphilile. Kunezinhlobo ezahlukahlukene zikashukela esizithola ezithelweni. Ngisho ubisi lunoshukela. Isithombe esingemuva ngezansi sikhombisa amasimu amakhulu omoba KwaZulu-Natali.




## Masifunde

Umoba ubaluleke kakhulu. Umoba yisitshalo eside esibukeka njengoqalo.


Ukhula kahle esimeni sezulu esingasolwandle. Umoba udinga ilanga eliningi nemvula. ENingizimu Afrika, esifundazweni iKwaZulu-Natali kunalolu hlobo lwesimo sezulu lapho umoba ukhula khona kahle.



Masenze lokhu

1. Bheka izithombe zezinsimbi zomculo uthisha wakho azokukhombisa zona.
2. Lalela izitayela ezahlukahlukene zaseNingizimu Afrika uthisha wakho azozidlala. Chaza okulandelayo:

- Isigqi samaculo
- Ingabe siyashesha noma siyanensa
- Ukwenyuka komculo
- Umculo ukwenza uzizwe kanjani
- Yiziphi izinsimbi zomculo ongazihlonza



Masiqhubeke

Qeda isifundo somdlalo wenselelo owakhiwe nguthisha wakho. Uthisha wakho uzokukhombisa ukuthi ungawugijima kanjani umdlalo wokugijima ngemilenze emithathu.



ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 36 2019/07/01 11:42:47

Usuku: ................................

Buka lesi sithombe somoba. Qaphela lezi zingxenye zesitshalo:

isiqu eside esinombala wegolide; amakhasi amancane amade; isiqu esinamalunga; izimpande eziyisixha ezingaphansi enhlabathini.

Umoba uthatha izinyanga eziyi-14 kuya kwezingama-24 ukhula ngaphambi kokuthi ulungele ukuvunwa. Isiqu sawo sinoshukela ongafani uma usesesiqwini nalo esiwusebenzisa emakhaya!





**Masibhale**

**Nikeza lezi zithombe izinombolo ukuze zilandelane zikhombise ukuthi ushukela ukhiqizwa kanjani.**




Amasimu alinywa ngawogandaganda.




Esigayweni umoba ukhanywa eziqwini ukhishwe uju.

Ushukela uyahlanzwa ulungele ukuthi siwuthenge.




Umoba uyavunwa uboshwe izinyanda.

Umoba uyaniselwa.



Kutshalwa iziqu uma kutshalwa umoba.






Umoba uyathuthwa usiwa esigayweni.



Umoba uyafika esigayweni.






ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 37 2019/07/01 11:42:52

# Umhlaba – esikuthola kuwo



Ethemini edlule ufunde ngomhlaba. Uyiplanethi esihlala kuyo.

Umhlaba usinika eziningi izinto kwesizidingayo.

Umhlaba wembozwe wumoya. Lo moya une-oksijini esiyidingayo ukuze siphile.

Umhlaba unengxenye okuyiyo esihlala kuyo eyinhlabathi esiyibiza "ngoqweqwe" lomhlabathi ophezulu esitshala kulo ngoba lunokudla kwezitshalo. Inhlabathi lena inezinye izingxenye eziyitshe, njengezintaba. Enhlabathini sithola igolide, idayimane, iphetroliyamu kanye namalahle.

Phezu kwalolu qweqwe kunezilwandle. Olwandle sithola izilwane ezifana nezinhlanzi. Lubalulekile futhi ulwandle ngoba kulo kuhamba imikhumbi ethwala impahla nabantu.






Sebenzisa ulwazi olungenhla ukudweba isithombe somhlaba. Sebenzisa noma luhlobo luni lokubhala – ungabhala ngepensela, ngamakhilayoni, ngo-inki kanye nangopende. Cabanga futhi izinto ongazisebenzisa ezifana nephepha, izinkinobho, amagobolondo, amakhasi omile kanye nezimbali. Ungasebenzisa nezinto ongakaze uzisebenzise nakanye, ezintsha nje empilweni yakho.





ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 38 2019/07/01 11:42:56

Usuku: ................................



Masikhulume

Sewufundile ukuthi ukudla kuvelaphi. Ninomngani wakho fakani uphawu (✔) ekudleni kokulandelayo okuphuma enhlabathini ngqo:

| | |
|---|---|
| ama-aphula | |
| ubhekeni | |
| ushizi | |
| inyama yemvu | |
| amaqanda | |
| isikwashi | |
| amasi | |
| imifino | |
| amawolintshi | |
| amapetshisi | |
| uphizi | |




Dweba umugqa usuke egameni uye esithombeni esifanele. Yini ongayisho ngohlu lwakho?

**Masiphumele ngaphandle**

- Yakha amagwebu ebhakedeni lamanzi.
- Faka ikhanda lakho emanzini imizuzwana emi -3 ngenkathi ubambe umoya, Vula amakhala namehlo akho.

**Yenza sengathi uyabhukuda**

- Lala ngomhlane bese ukhahlela izinyawo
- Lala ngesisu bese ukhahlela izinyawo
- Yima ngezinyawo bese ushwiba izandla sengathi ubhukuda ngomhlane
- Manje shwiba izandla kube segathi ubhukuda ngesifuba.



Masibhale

Bhala isigaba usibhekise emhlabeni uwubonge ngezinto okupha zona. Bhala umusho owodwa uwethembise ukuthi uzowunakekela.



Mhlaba othandekayo


Ngiyakubonga ______________________

______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________

Ngiyethembisa ukuthi ______________________________






ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 39
2019/07/01 11:43:01

# Umhlaba: Ubumba lukhipha izitini

**Masifunde**

Umhlaba unezinhlobo eziningi zenhlabathi. Kukhona ewubumba. Eminyakeni eyizinkulungwane abantu basebenzisa inhlabathi ewubumba ukwakha izitini abakha ngazo imizi.



**Masenzeni lokhu**

Dweba izinto ezimbili ezakhiwa ngezitini.

**Masibhale** Phendula le mibuzo.



Kungani izitini zingafani ngombala?

______________________________

______________________________

Kungabe izitini zakhiwa ngobumba kuphela?

______________________________

______________________________



ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 40 2019/07/01 11:43:01

Usuku: ................................

Buka lezi zithombe bese utshela umngani wakho ukuthi kwenzekani kuzo.

**Masibhale**


Ubumba luyagaywa luhlanganiswe kahle namanzi.




Ubumba luyambiwa.




Umshini usika imicwi yenhlama yobumba.





Kusetshenziswa umshini ukusika ubumba lube ngamabhulokhi.



Izitini esezomile zibhakwa endaweni yokubhaka. Ubumba olungamabhulokhi luyomiswa.



Ziyahlungwa zihlelwe kahle izitini ngenkathi zisuswa ekubhakweni.



Izitini zibekwa esinye phezulu kwesinye zilungiselelwa ukuthengiswa.

Nikeza le misho izinombolo ukuze ilandelane kahle ikhombise ukuthi sizakha kanjani izitini.

| | |
|---|---|
| | Ziyahlungwa zihlelwe kahle izitini ngenkathi zisuswa ekubhakweni. |
| | Ubumba luyagaywa luhlanganiswe kahle namanzi. |
| | Kusetshenziswa umshini ukusika ubumba lube nagmabhulokhi. |
| | Ubumba lumbiwa ngemishini. |
| | Izitini zibekwa ngendlela efanele zilungiselwa ukuthengiswa. |
| | Izitini esezomile zisendaweni yokubhaka, ziyabhakwa. |
| | Kunomshini olusikayo ubumba oluhlanganisiwe. |
| | Ubumba olungamabhulokhi luyomiswa. |

Uthisha:

Sayina:

Usuku:

# Izinhlekelele nokumele sikwenze: izikhukhula

## Masifunde

### Izinhlekelele

Inhlekelele yinto emane yenzeke enomthelela ongemuhle kubantu nakwindalo. Inhlekelele ingadala ukufa kwabantu abaningi nomonakalo omkhulu.



Izinhlekelele eziningi zidalwa yimvelo njengomoya nemvula. Singenza isibonelo ngezikhukhula eziza ngemuva kwezimvula ezinkulu.



Nabantu bayakwazi ukudala inhlekelele. Isibonelo, ukushiya ikhandlela livutha ubusuku bonke kungaholela emlilweni omkhulu.

## Masikhulume

**Buka lezi zithombe uxoxe nomngani wakho ngazo.**



Khuluma ngalokho okubona esithombeni. Esithombeni ngasinye yisho ukuthi hlobo luni lwenhlekelele olubonayo.

Yibhale phansi imibono yakho.

Uthisha wakho uzobhala uhlu lwezimpendulo zenu nonke ebhodini.

Usuku: ................................



**Masifunde** Funda udaba lwenhlekelele yezikhukhula kuleli phephandaba. Zifundele uwedwa kuqala. Fundani Isigaba ngasinye ninomngani wakho niphimisele. Shintshanani ngokufunda. Uma ufunde isigaba, umngani akafunde esinye.

# Izikhukhula zenza umonakalo

E-Schmidtsburg | ngoMgqibelo | 14 Masingana 2011

*Kufe abantu abayi-14, kwatakulwa abangama-45 behliswa ezihlahleni nasophahleni enyakatho yedolobha laseKapa*

Le nhlekelele yenzeke emva kwemvula enkulu ene ngoLwesihlanu. Line kakhulu kunendlela abantu abebelindele ngayo.

Bekuyisichotho esikhulu kunazo zonke kusukela ngowe-1985. Kufe abantu ababili ngenkathi bezama ukuwela ebhulohweni lapho izimoto zabo ziye zemuka khona.

Amaphoyisa, abacishimlilo kanye nabezempi basebenze kanzima betakula abantu. Amaphoyisa asazama ukuthola izihlobo zabatholakele namanje.


Baningi abalahlekelwe yikho konke abanakho emakhaya abo. Izindlu ezisezindaweni eziphansi eduze nemifula zihlangabezane nomonakalo omkhulu.

Abanye kwabathintekile bekuyilabo abangazange bathobele izexwayiso zamaphoyisa.



Iningi kalinakudla kalinazingubo. Bonke bahlezi emasontweni nasemahholo noma nabangani nezihlobo.

Kuzothatha izinyanga eziyisithupha ukulungisa umonakalo. IMeya yendawo icele bonke abantu ukuthi babambisane.




**Masibhale** Phinda ulufunde udaba ephephandabeni. Sewungaphendula le mibuzo.

Yenzeke kusiphi isifundazwe inhlekelele?

Iqale nini imvula?

Ngabe livamile izulu ukuna kuleli dolobha?

Kungani abantu abaningi bengenakho ukudla?






ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 43 2019/07/01 11:43:10

# Umlilo

## Masifunde




Umlilo uba khona uma kuhlangana izinto ezintathu, okuyilezi:

- into ebamba umlilo, kungaba wukhuni olomile
- ukushisa okungaba yilangabi elivela kumentshiso
- igesi ebizwa nge-oksijini esemoyeni

Zonke lezi zinto ezintathu kufanele zibekhona ngesikhathi esisodwa. Uthi bewazi ukuthi umlilo ngeke uqhubeke nokuvutha uma ungekho umoya ohlanzekile one-oksijini?

## Masibhale

**Uthisha wakho uzokhanyisa ikhandlela bese ebeka ingilazi engenalutho phezulu kwalo. Bheka ukuthi kuzokwenzekani.**



Kwenzeka kanjani lokhu?
Bhala umusho owodwa encwadini yakho yokubhalela.

## Masikhulume

**Wena nomngani wakho tholani izimpendulo zale mibuzo:**

Kungani ilangabi licishile ekhandleleni?

Kuzofanela ukuthi wazi impendulo yalo mbuzo uma kufanele wenze umlilo. Kungani?

> Uthisha wakho uzolalela zonke izimpendulo asho ukuthi yiziphi ezinhle kakhulu.

## Masikhulume

**Khulumani ekilasini ngezinto ezishayo uma kunomlilo. Khulumani futhi ngezitholakala ekhaya kulezi ezishayo. Yimuphi umyalezo eniwuthola kule nkulumo eningawuyisa emakhaya mayelana nokuphepha emlilweni?**



ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 44 2019/07/01 11:43:11

Usuku: ..................................

## Masibhale

Bhala phansi izimpendulo ezikhaleni ezivulekile kuleli thebhula:



| Kungani umlilo ubalulekile kithi? | |
|---|---|
| Esikwenzelwa wumlilo: | Indlela esingakusebenzisa ngayo: |
| Ukushisa | |
| | |
| Ukukhanya | |
| | |

## Masifunde

Nikeza uthisha wakho incwadi ophendulele kuyo abone izimpendulo.

Imililo ingalimaza ibulale izinto eziningi.



Imililo yasesigangeni mihle ngesinye isikhathi, ngoba isiza izitshalo ukuthi zikhule. Kodwa emibi yileyo elimaza izitshalo nezilwane. Ivama ukuholela ekugugulekeni kwenhlabathi kanye nasekungcoleni komoya.

Kubuhlungu ukwazi ukuthi ngabantu abanganaki laba abashisa imililo abavame ukuba yi-9 kwabayi-10 (abangaphezulu kwama-90%).



Sonke sidinga ukufunda ukuthi singayivimbela kanjani nokuthi singenzani uma kunemililo eyingozi. Ngozi yini engavelela umfana okwesokudla? Wenzeni engafanele?

Masenze lokhu
- Sika izithombe zabantu emaphephabhukwini.
- Yakha isithombe sekholaji lapho izitho zemizimba yabantu zidluladlulana.

Uthisha:
Sayina:
Usuku:




ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 45 2019/07/01 11:43:13

# Umbani



Masifunde



Ngesinye isikhathi uma uthinta into eyinsimbi njengesivalo, ungezwa umsinjwana kanye nokubanjwa wugesi kancane. Kungenxa kagesi owakheka emzimbeni wakho bese udlulela entweni eyinsimbi uma uyithinta.



Imibani esiyibona uma kuduma izulu iyingozi ngokufanayo. Kwakheka ugesi emafini, bese udlulela kwelinye ifu (buka isithombe ngenhla) noma udlulele emhlabeni (buka isithombe kwesobunxele).



Ukuduma okuzwa emva kombani umsindo ofana nalo owuzwa uma uthinta insimbi bese kudlula ugesi osemzimbeni wakho. Owezulu mkhulu.

Minyaka yonke kunabantu abangama-30 ababulawa wumbani eNingizimu Afrika.



**Nansi imithetho emithathu yokuzibeka ethubeni lokuphepha uma kuduma izulu.**

Uma utholwa yisichotho esinokuduma kwezulu khumbula lokhu:

- Ungalingi ucashe ngaphansi kwesihlahla noma eduze kocingo olubiyile.
- Ungacashi emgedeni, noma ulale phansi.
- Uma usemfuleni, edamini noma edamini lokubhukuda, phuma masishane uma ukwazi!

Usuku: ..................................

## Masikhulume

Xoxa nomngani wakho ngesithombe. Yisho ukuthi kungani kuyingozi ukuba kulezi zinto ezibaliwe uma kuduma izulu.



## Masenzeni lokhu

Phinda ubhekisise imithetho emithathu yokuphepha uma kuduma izulu. Khetha owodwa.

Yenza iphosta etshela abantu ukuthi bangaphepha kanjani kulokho uma kuduma izulu. Iphosta yakho kumele:

- ibe namagama
- ibe nemihlobiso okungenani emibili
- kuzwakale kalula okushoyo

## Masiphumele ngaphandle



- Lingisela ngomzimba wakho izinhlobo zombani. Yima kanjalo imizuzwana eyi-10.
- Guquka ulingisele olunye uhlobo lombani, ume kulo imizuzwana engama-20. Yima ubhekane ubuso nobuso nomngani wakho, yena uzobe eguquka kancane kancane elingisa izinhlobo zemibani. Yenza akwenzayo kube sengathi umi esibukweni.
- Zimele wedwa futhi.
- Nyakazisani imizimba yenu masinya kube sengathi niyimibani vele. Ziphindaphindeni lezi zinto enizenzayo.


## Masiphumele ngaphandle

Manje zithokozise ngomdlalo webhola lomphebezo, uphebeze ibhola isandla sivulekile uphinde uliphebeze isandla sivalekile.

Kungabe kuphephile ukuba semotweni uma liduma izulu? Xoxa nomngani wakho ngalokhu.

Ucabanga ukuthi izulu liyashaya kabili endaweni eyodwa?

Xoxani ngale mibuzo ekilasini.






ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 47 2019/07/01 11:43:17

# Isichotho nesivunguvungu



Masifunde Funda indaba kaMesi nesichotho esesabekayo.

## Ngakubona okukhulu!

Kwahlangana amafu ayethusa athatha usuku lonke ebumbana. Ubaba ngambona elalela izindaba emsakazweni. Sezwa ukuthi kuzoba nomoya omkhulu nemvula enkulu. Kwafika amaphoyisa ezosifundisa ukuthi kumele senzeni uma kufika isichotho esikhulu.

Ubaba wathatha isikhwama seplastiki wafaka ithoshi lakhe, umsakazo omncane kanye namaphepha akhe. Umama wapakisha izingubo ezanele izinsuku ezimbili, wazipakisha esikhwameni. Ugogo wafaka amaphilisi akhe esikhwameni esincane, wayesesilengisa esihlakaleni. Saphatha amanzi enele ngamabhodlela.

UBaba wasika igatsha elikhulu lesihlahla ebelilengela phezulu kwendlu. Savala amafasitela, ubaba wanamathisela amaphepha ezingilazini zamafasitela, washayela amapulangwe ngezinye izipikili. Kuthe uma kuhlwa, laqala ukuna imvula enkulu. Umoya wavunguza kakhudlwana, uzwakala ukuthi unejubane.






ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 48 2019/07/01 11:43:20

Usuku: ..............................

Kuthe uma sibona amanzi eseqala ukudlula ngejubane emnyango, kwafika abasebenza kwaMasipala namasaka enhlabathi begqoke amajazi emvula. Sasithukile! Uphahla lwezwakala luklayeka, aqala ukuvuza amanzi. Kwakudlula umzuzu ube munye kuwe okuthile ophahleni.



Kwathi kusuka kwakuzwakala into iphahlazeka ngomkhulu umsindo. Asazi ukuthi uphahla lwasuka nini, sabona selungasekho!

Sazemboza ngamasaka amnyama emakhanda, saphuma endlini sabaleka. Sasihamba sicashela izinto ezazipheshulwa wumoya. Isibhakabhaka sasilokhu sibenyezela ngenxa yombani.

Sagijima odakeni saphikelela ehholo lomphakathi. Baningi abantu esabafica sebebuthene khona.

Ekuseni ngakusasa, kwabonakala ukuthi ungakanani umonakalo owawudalwe izikhukhula.

Izinkukhu zethu zazingaziwa ukuthi zikuphi, inkomo nayo ibalekile.

Leso sichotho sashiya kukhalwa ezindaweni eziningi ngenxa yomonakalo. Nasedolobheni kwakuphihlizeke izinto. Saba nenhlanhla ukuthi sisinde.

**Masikhulume** Lingisani le ndaba.

La magama alandelayo ayincazelo yezinhlobo zezulu elinomoya:

| |
|---|
| Isichotho: wumoya onamandla olimaza yonke into |
| Isivunguvungu: wumoya ozungezayo, phakathi kuwo kuthulile |
| Inkanyamba: wumoya onenkani ophendukayo endaweni encane |

| |
|---|
| Yiluphi uhlobo kulezi ocabanga ukuthi yilo oluhlasele imindeni? |
| Yenzeni imindeni ukuzivikela singakaqali isichotho? |

Uthisha:
Sayina:
Usuku:



ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 49 2019/07/01 11:43:22

# 57 Ukuzamazama komhlaba

## Masifunde



Ukuzamazama komhlaba kwenzeka uma ingxenye ethile yoqweqwe lomhlaba inyakaza masinya ize ivevezele.

Lokhu kuvevezela kwakha amagagasi agijima oqweqweni lomhlaba adale ukuthi kube khona ukuvevezela kwenhlabathi nezinto ezikuwo – yikho-ke lokhu kuzamazama komhlaba esiyaye sikuzwe futhi sikubone.

Ukunyikima komhlaba kuyalimaza kubulale kwenze umonakalo omkhulu nasezakhiweni.

## Masifunde

Nazi izinto ezibalulekile ngokuzamazama komhlaba. Hlalani ngamaqembu abahamba ngaba-4. Shintshanani ngokuthi nifunde niphimisele.

- Kunabantu abayi-10 000 abafa ngokuzamazama komhlaba minyaka yonke.
- Kuyisi-8 kokuyi-10 ukuzamazama komhlaba okwenzeka ezindaweni ezisondele oLwandle i-Pacific.
- Ukuzamazama komhlaba ngaphansi kolwandle kuvame ukuholela emagagasini amakhulu agijima ngesivinini esikhulu aholela kwitsunami.
- Itsunami ihamba ibanga elide ngejubane elingaba ngama- 960 km ngehora ihamba ngaphansi kwamanzi.
- Amanye amatsunami angaphakama abe ngamamitha ayi-15.
- Itsunami enkulu kunawo wonke yenzeka zingama-26 kuDisemba 2004.
- Yalimaza amazwe ayi-11 asondelene nolwandlekazi i-Indian.
- Kwaba nenye mhla ziyi-11 kuMashi 2011 eJaphani.
- Ukufa kungavinjwa uma abantu bebanohlelo lwezinhlekelele zokuzamazama komhlaba. Bangakha izakhiwo ezishibekela ezinhlangothini uma kunokuzamazama komhlaba kunalezo ezidilikayo.



- Kungavikeka ukufa kwabantu uma bengahlala bekulindele ukuzamazama komhlaba, noma uma bengakha izakhiwo ezivuma ukutenga kunokuphihlika.
- Mhla zingama-29 kuSeptemba 1969 kwaba khona ukuzamazama komhlaba okwakhahlameza i-Ceres, iTulbagh kanye ne-Wolseley eNtshonalanga Kapa.
- Ukuzamazama komhlaba okukhulu kangako akuvamile kuleli laseNingizimu Afrika.
- ITheku, uMgungundlovu kanye neKapa ngamadoloba aseNingizimu Afrika lapho ukuzamazama kumbalwa kambalwa khona.
- Kusukela ngoFebhuwari unyaka wezi-2010 isifunda sase-Augrabies e-Charthern Cape sesihlaselwe izikhashana eziningana zokuzamazama komhlaba okuncane. Kuneziteshi ezibhekene nokuzamazama komhlaba ezingama-26 eNingizimu Afrika ezimsebenzi wazo ngukusiqwashisa ngezingozi zokuzamazama komhlaba.



ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 50 2019/07/01 11:43:23

Usuku: ..................................



Masenzeni lokhu

**Buka ibalazwe lomhlaba. Bhala lokhu okulandelayo ebalazweni.**

1. Ulwandlekazi lapho ukuzamazama komhlaba okwenzeka khona.
2. Isifunda lapho kwaba netsunami enkulu khona ngoDisemba 2004.
3. Izwe lapho itsunami yahlasela khona mhla ziyi-11.
4. Idolobha eNyakatho Kapa eliyaye libe nokuzamazama komhlaba.
5. Elilodwa emadolobheni aKwaZulu-Natali eliyaye libe nokuzamazama komhlaba.
6. Indawo e-Charthern Cape enohlobo oluncane lokuzamazama komhlaba.



Ungalifaka imibala lonke ibalazwe ngamakhilayoni.







ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 51
2019/07/01 11:43:25

# Izilwane ezisisizayo

**Masikhulume** Buka lezi zithombe ubone ukuthi ziwusizo kanjani lezi zilwane.









**Masifunde**

Emandulo, abantu baqala ukusebenzisa izikhumba zezilwane ukwakha izingubo zokuzivikela emoyeni kanye nasemakhazeni.



Kamuva bathola ukuthi bangawusebenzisa uvolo ovela ezimvini nakwezinye izilwane ukwakha izingubo. Lezi zingubo zazithe ukuba lula nokuba ngcono kunezesikhumba.





ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 52
2019/07/01 11:43:28

Usuku: ..................................

Sisebenzisa izikhumba zezilwane ezahlukahlukene sakhe izinto ezifana nezikhwama, izikhwama zemali kanye nezicathulo.






Ezinkulungwaneni ezedlule zeminyaka izilwane zazihlala endle. Eminyakeni eminingi izilwane ezifana nezinja, amakati, izimvu, amahhashi nezinkomo kwayeka ukuhlala endle. Namuhla izilwane zasepulazini zinemikhiqizo eminingi ezisinika yona.






Zonke izinto ezinalolu phawu zakhiwe ngovolo

Iminenke kasilika isipha usilika, esenza ngawo indwangu ekhethekile nethambile.










ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 53 2019/07/01 11:43:31

59

# Izilwane ezisinika ukudla noma izingubo: Izinyosi

Masifunde

Izinyosi zenza uju nekhekheba lezinyosi bese zisiza abalimi ukukhiqiza izithelo. Izinyosi zihlala ezidlekeni zazo. Ezinye zezinyosi ziyahamba ziyolanda impova (ipholeni) nompe (inektha) ephuma ezimbalini.

Lokhu ziyakuthatha zikuyise esidlekeni sezinyosi.


Impova iphiwa izinyosi ezincane, bese kuthi umpe kwenziwe ngalo uju oludliwa yizinyosi ezindala.

Izinyosi zigcina uju nempova ekhekhebeni loju.

Ikhekheba loju lenziwa ngamafushana asakhandlela aphuma emzinjeni wezinyosi.









Abafuyi bezinyosi bona baqoqa uju olungakwazi ukusetshenziswa yizinyosi njengokudla. Uju lunempilo futhi siludla nesinkwa noma nephalishi.



Sisebenzisa amafutha ezinyosi ukwenza imikhiqizo eyahlukahlukene njengalena:

- amakhandlela
- insipho
- izimonyo
- okokuvikela isikhumba
- upholishi wemikhiqizo yesikhumba njengezicathulo.
- amakhilayoni
- upholishi wefenisha

Usuku: ..............................




Izinyosi ziwusizo kakhulu nazo kithi, njengoba zilekelela izitshalo eziningi zabalimi ukuthi zenze ukudla okusha kanye nembewu entsha, ziphinde ziveze izithelo okumila kuzo ezinye izitshalo futhi.

Cishe izingxenye ezintathu zokudla esikudlayo ziyazuza uma izinyosi zithutha imbewu ezitshalweni. Okukodwa kokuthathu ekudleni esikudlayo kwakheka uma izinyosi nezinye izinambuzane zithungatha umpe inektha. Kumele uziqaphele izinyosi. Uma zikuntinyela kuba buhlungu kakhulu.




**Ngabe lawa mazwi aliqiniso noma aliphutha? Beka uphawu (✔) esikhaleni esifanele. Uthisha wakho uzokunika izimpendulo.**


| | liQiniso | yiPhutha |
|---|---|---|
| Udosi lwenyosi alubuhlungu. | | |
| Izinyosi ziyayisakaza impova yezimbali ngenkathi zindiza. | | |
| Abalimi bantshontsha uju eziludingayo izinyosi. | | |
| Izinyosi zoju sezijwayele ukuhlalisana nabantu. | | |
| Uju luwushevu uma lufakwa ekudleni okushisayo. | | |
| Isitaputapu sezinyosi siyazicwebezelisa izicathulo. | | |
| Isitaputapu sezinyosi asiwavimbi amanzi angangeni ezicathulweni. | | |
| Uju luyababa. | | |
| Uma izinyosi sezilwenzile uju ziyasichitha isitaputapu. | | |
| Izinyosi ziyanda manje ngenani. | | |






ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 55
2019/07/01 11:43:34

# Izilwane ezisinika ukudla noma izingubo: Izinkukhu



## Masifunde

Izinkukhu zingaphansi kweqembu lezilwane ezibizwa ngokuthi i-Poultry.


Lezi yizilwane ezinamaphiko esezibajwayele abantu.

Sithola amaqanda, inyama kanye nezinsiba ezilwaneni ezinamaphiko ezifuywayo. I-Poultry ixube izinkukhu, amagalikuni namajuba, izinkwali, kanye nezinyoni zamanzi njengamadada namahansi.

ENingizimu Afrika kunezinkukhu ezingama-950 ezigidi ezikhiqizwa minyaka yonke zikhiqizelwa amaqanda nenyama. Abantwana baseNingizimu Afrika abenza ibanga lesi-3 bangaphindwa nge-1000 ukufinyelela kuleli nani.

## Masikhulume

**Bheka lezi zithombe bese uxoxa nomngani wakho ngazo. Yiziphi ezisipha amaqanda esiwadlayo?**





ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 56 2019/07/01 11:43:37



## Masibhale

Buka lezi zithombe bese ukokelezela ukudla esikuthola ezinkukhwini. Manje bheka ukudla okusala ngaphandle usho ukuthi kuvela kuziphi izilwane.





## Masenzeni lokhu

Khetha uhlobo lwenyoni ongayenza ngokuhlanganisa amaphepha. Bheka imibalabala eyahlukahlukene kanye nokuma kwamaphiko ayo. Bheka umzimba wayo futhi ubheke nezitho ezahlukene zomzimba wayo. Khetha ukuthi yikuphi ofuna ukukugqamisa.





## Masiphumele ngaphandle

- Zelule njengeqhude uma lizilungiselela ukukikiliga.
- Shaya futhi ubhakuze amaphiko njengezinyoni ezahlukahlukene.
- Hamba njengezinhlobo ezahlukahlukene zezinyoni.
- Zihlukaniseni ngamaqembu amabili.
- Iqembu elilodwa eloheshane elinye iqembu elamachwane. Oheshane bagijima benze izikokela ezinkulu bevule amaphiko, bezama ukuhlwitha amachwane. Amachwane abalekela esikhukhukazini esingunina. Shintshanani ngokulingisa.






ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 57 2019/07/01 11:43:43


# Izilwane ezisinika ukudla noma izingubo: Izinkomo

**Masifunde**

Luvelaphi ubisi lwethu?

Ngabe uyazi ukuthi ubisi lufika kanjani emakhaya ethu?

Make sifunde lokhu ngalo.



**Masikhulume** Buka lezi zithombe bese uxoxa nomngani wakho ngazo.

## Indlela esithola ngayo ubisi





ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 58 2019/07/01 11:43:46



## Masikhulume




Ubisi akuyona yodwa into esiyithola ezinkomeni Yiziphi ezinye izinto esizithola ezinkomeni? Wena nekilasi bukani uhlu lwakho.




## Masenzeni lokhu

Efreyimini ngayinye, dweba umkhiqizo owenziwe ngobisi. Bhala igama lomkhiqizo ngezansi kwesithombe ngasinye osidwebayo.










ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 59 2019/07/01 11:43:48

# Izilwane ezisinika ukudla noma izingubo: Izimvu

Masifunde

## Uvolo

Uma kudlula ubusika, izimvu azibudingi uboya bazo obuluqginsi ukuzigcina zifudumele. Ngakho-ke lesi yisikhathi esihle kakhulu sokuzigunda! Uboya bemvu sibusebenzisela izinhlobonhlobo zezimpahla zokugqoka ezisifudumezayo. Sikwazi ukweluka amajezi ngewuli, futhi siyakwazi ukusebenzisa iwuli ukwenza izindwangu ezithambile, ezifudumele.

Sinezinhlobo eziningi zezimvu eNingizimu Afrika; uhlobo olubaluleke kakhulu yi-Merino, yi-Blinkhaar-ronderib Afrikaner, i-Dorper kanye ne-Dormer. Isithombe esikuleli khasi siyaziveza ukuthi zinjani.



I-Blinkhaar-ronderib Afrikaner iluhlobo lwemvu yaseNingizimu Afrika. Iqinile, ihlala iphile kahle ngisho nasesimweni esingesihle.



I-Dorper yimvu etholakala eNingizimu Afrika



Uhlobo lwemvu ye-Merino luningi eNingizimu Afrika.







I-Dormer itholakala eNingizimu Afrika. Iwuli yayo ithanda ukuqina.




ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 60 2019/07/01 11:43:50

Usuku: ..................................

# Siwenza kanjani uvolo


| | |
|---|---|
| 1. Umlimi nabasizi bakhe bagunda izimvu ngesandla noma ngomshini.  | 2. Uvolo ubekwa etafuleni uhlelwe ngobude nokuthi muhle kanjani.  |
| 3. Uvolo uyelulwa, wenziwe amabhele bese uyadayiswa.  | 4. Uyahlanzwa ukuze uhlanzeke.  |
| 5. Uyahlanzwa bese ulungiselelwa ukomiswa.  | 6. Ngesikhathi womiswa uyelulwa bese uyalukwa.  |
| 7. Manje sewulungele ukwenziwa ukotini.  | 8. Okulandelayo ufakwa udayi.  |
| 9. Uvolo sewusetshenziswa ukwenza amajezi.  | 10. Amajezi asezothengiswa ezitolo.  |

Masidlale
- Uthisha wakho uzokufundisa ukudlala ikhilikithi yabancane.



Masikhulume

Xoxa nomngani wakho. Yiziphi ezinye izinto izimvu ezinokusisiza ngazo thina bantu?






ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 61
2019/07/01 11:43:54

63


IThemu 4 – Amasonto 8

# Izilwane ezisisebenzelayo: Izinja



Qhathanisa

Izinja eziningi zingabangani babantu, zihlala nathi emakhaya. Empeleni kunemisebenzi eminingana eziyenzayo. Dweba umugqa uqondanise inja nomniniyo.



Izinja zamaphoyisa zihogela izidakamizwa zilandele umkhondo wezigebengu ukusiza amaphoyisa.







Izinja ezihola abantu zibakhombisa indlela abantu abangaboni.









Izinja zezimvu ziyelusa zenze izimvu ukuthi zingahlukani.



Izinja eziqaphayo zivimba izigebengu.

Izinja ezizingelayo zitholela abazingeli izinyoni nezinyamazane.





ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 62 2019/07/01 11:43:59

Usuku: ...............................




Masenzeni lokhu

Yenza isithombe esiyisithunzi somngani womuntu oyinja.



Udinga lokhu:

- iphepha eliyimibala emibili engafani
- isikele
- ipensela
- okokunamathisela



- Dweba inja enkulu kwelilodwa lamaphepha. Qiniseka ukuthi isithombe sigcwalisa lonke iphepha.
- Sewungayisika inja yakho uyikhiphe ephepheni.
- Yinamathisele manje kuleli elinye iphepha.
- Dweba amehlo enja, ufake ikhala nomlomo namazinyo ngamakhilayoni.
- Hlobisa isithombe sakho ngendlela oyithandayo. Khumbula ukuthi umbala omnyama nowolintshi iyafanelana, isebenza kahle ukwenza isithombe sibe nesigqi.

Uthisha:

Sayina:

Usuku:



ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 63 2019/07/01 11:44:02

# 64 Izilwane ezisisebenzelayo: Izimbongolo

## Masifunde



Izimbongolo zaqala ukusiza abantu eminyakeni eyizinkulungwane eziyisi-6 edlule. Zithwala abantu emhlane nezinto zabo ezisindayo. Ziyalima emasimini futhi zimpompe amanzi.


Zonke lezi zinto zisenzeka nanamuhla. Kunezimbongolo eziyizigidi ezingama-41 emhlabeni. Lokhu kusho ukuthi ingane nengane eNingizimu Afrika ingaba nezimbongolo ezintathu iyinye.

## Masibhale

**Bheka izithombe bese ubhala umusho ngesithombe ngasinye usho ukuthi isetshenziswa kanjani imbongolo.**











ZUL LS Gr3 B2_inside.indd 64 2019/07/01 11:44:01

